

UMPHAKATHI~UMNDENI WEBANDLA

- UTHUNYIWE UKUFAKAZA NOKUFAFAZA IVANGELI NGESIKHATHI SOBHUBHANE

OFather abathandekayo, amaSistela namaBrother namakholwa onke weSifundabhishobhi
MINDENI ETHANDEKAYO



Impilo yomhlaba, nempilo yeBandla isishintshile ngezinyanga ezimbalwa ngenxa yobhubhane leGciwane leKhorona. Iyeyashintsha indlela abantu abahlangana ngayo, sebebonana ngenye indlela manje, okungathi omunye uzokuthelela. Imiphakathi yeBandla ayivunyelwe ukuhlanganyela ndawonye idumise uNkulunkulu ngomkhuleko, kwamukelwe amaSakramente, ikakhulu uMzimba neGazi likaKristo kwiKhomuniyoni eliyiNgcwele. Imindeneni eminingi ihlezi ngokuhlukana, abanye kabasebenzi ayikho imali engenayo ukugcina izidingo emindenini, abaningi bayagula abanye bayashona... Uvalo nokwesaba ngekusasa lugcwalisa izinhliziyi nemiqondo yabobonke... Lesisimo sisibiza ukuthi sithole izindlela ezintsha zokuhlalisana nezindlela ezintsha zokumemezela iVangeli emiphakathini nasemindenini yethu UPhapha uFrancis eminyakeni eyedlule kungathi wayesilungiselela lesisikhathi sokuthi kube kuvalwe yonke (ishutdown), ngokusikhumbuza ukuthi wonke amakholwa **ababhabhadisiwe njengabapostoli bakaJesu athunyiwe** ukumemezela iziNdaba eziThokozisayo emindenini nasemiphakathini yethu – njenge **zithunywa zokholo\ nabapostoli**. Ukusho kwakhe wathi: **“AbaFundi abayiziThunywa zokholo”** kwabe kuluhlelo olwalulungiselelwe ukukhuthaza

bonke abantu ababhabhadisiwe bavule izinhliziyi eZwini leVangeli – iziNdaba eziThokozisayo, bazamukele, bazisebenzise ezimpilweni zabo bese babelane nabanye ngazo nabanye emindenini nasemiphakathini njengezithunywa zokholo\ nabapostoli.

IKhathekesima leBandla eliKhatholika ku No.783 kuthi: *“UJesu Kristo nguye uBaba amgcoba ngoMoya oCwebileyo wamenza uMpriste, uMphrofethe neNkosi. Bonke abantu bakaNkulunkulu badlala indima kuKristo kulemikhakha yomithathu futhi banomsebenzi obalandelayo wezokholo nokukhonza.”*

Kusukela eMsebenzini kaJesu bonke abantu bakaNkulunkulu bathola ukuthunywa ukuthi babe ngabapriste, abaprofethe namakhosi, ukuthi bakhonze abanye njengoba kwenza uJesu waze wanikela ngempilo yakhe ukuze thina sithole insindiso.



Njengesizwe sasebupristeni, ebuphrofethini nasebukhosini, sakha uMzimba kaKristo, njengoba esho uPaulus oCwebileyo kwabase1 Korinthe 12:27: *“Kepha nina ningumzimba kukristo, nezitho ngabanye.”*

Ngakhoke wonke umuntu njengelunga leBandla unendima yakhe eBandleni loMphakathi, ikakhulukazi njengamalunga weMindeni yamaKristo, ukuthi ibe amaBandla amancane waseMakhaya, lapho kudunyiswa uNkulunkulu kukhonzwana omunye nomunye ngokunjalo nomakhelwane ngothando.



Ngamagama **“iBandla laseKhaya”** kuqondwe umndeneni, inhlanganiso engamalunga ambalwa akholwa kuKristo, libuye libizwe ngokuthi **“iBandla eliNcane”**, elingumhlaba ovundile wokwenza umsebenzi wobupostole, nokucwetshiswa.

Leli- **“Bandla eliNcane loMndeneni”** liyingxenye yeBandla loMndeneni omkhulukazi, lapho sithola khona imikhakha emine:


Kukhona iBandla lomhlaba wonke eliholwa nguMbhishobhi waseRome, uPhapha uFrancis nababhishobhi bonke ngokuhlanganyela naye. Bese kubekhona uMbhishobhi weSifundabhishobhi ohola iBandla lomphakathi kuleyondawo, –

kungalendlela kwiSifundabhishobhi saseMzimkulu ngikhona ngingu-Mbhishobhi u Stanislaw Jan Dziuba, OSPPE,

nginikhulekela njalo eMiseni eliyiNgcwele engilenza zonke izinsuku. LeliBandla lomphakathi weSifundabhishobhi libekelwe ngokukhethekile ukusihola ekuthini singaluphila kanjani ukhohlo lwethu kulesisikhathi nosikompilo lwamanje. Kukhona iBandla lepherishi lomphakathi wethu lapho samukela khona imiyalelo eminingi ngokumele sikwenze, mayelana neNkolo yethu namaSakramente. Ekugcineni, kunesigaba sesine seBandla. **IBandla laseKhaya** ilo elidlala indima ekhethekile mayelana nokucweba kwethu ngoba kuyindawo lapho siphila khona ukhohlo lwethu, sikhuleka khona sikwazi ukuthanda abanye.

UJohannes Paulus II encwadini yakhe mayelana neNdima yobuKristo eMndenini ngohlelo loMhlaba wonke wabalula imisebenzi emine njengeyomndeni nomndeni kanje:

- 1 Kwakheka umphakathi wabantu
2. Kusetshenzelwa impilo
3. Ukulungiselela intuthuko yomphakathi
4. Ukwabelana empilweni nasemsebenzini weBandla .



Lesisikhathi esikuso sobhubhane, lapho umphakathi neBandla kungakwazi



ukusebenza ngendlela evamile, indima yomndeni

wamaKristo njengeBandla elincane loMphakathi eMndenini weBandla eliKhatholika kubalulekile ukufeza isibopho seBandla njengendawo yokudumisa, nalapho kutholakala khona insindiso yabo bonke abantu futhi kuyisikole sokukhonzana nesothando.

Nginyaninxusa MINDENI YAMAKHATHOLIKA KWISIFUNDABHISHOBHI SETHU SASEMZIMKULU nemindeni yonke ukuthi nivuselele kabusha ukuzinikela kuJesu

Kristo, njengamaBandla amaNcane – hlanganani nikhuleke – omkhulu nogogo, abazali abantwana... nomakhelwane, ikakhulu labo abahlala ngabanye.

Ngalesisikhathi salolubhubhane, lapho singakwazi khona ukuhlangana njengeBandla lePherish kugujwe iMisa

eliyiNgcwele, kwamukelwe uMzimba neGazi likaKristo njengoba kuyiSinkwa sokuphila - sempilo yohambo, njengoba kungabapriste kuphela abagubha iMisa eliyiNgcwele emaPherishini bebodwa bakhulekele amakholwa abo onke banxusele nomhlaba wonke **nina njengamaBandla amancane asemaKhaya** qhubekani nomsebenzi weBandla empilweni yemiphakathi. **IBandla likhona lapho ngoba nina nikhona**. EMiseni eliyiNgcwele' umkhuleko wokuvula wamakholwa uthi: *“O Nkulunkulu, owathumela amandla weVangeli njengembiliso eMhlabeni, nikeza amakholwa, owabizele ukuphila emhlabeni onezinto zawo, mababe ngabagcwaliswe umoya wobuKristo, kuthi ngaleyomisebenzi abayiqhubayo ngalesisikhathi samanje, baqhubeke bakhe uMbuso waKho.”*

Lingakheka kanjani liqine iBandla elingumndeni wakho?

Qalani nikhuleke njengomndeni nifunde imiBhalo eyiNgcwele nsuku zonke, kuhle ngaphambi kokudla, noma ekuseni kuvukwa noma ngaphambi kokulala. Tholani njengomndeni ukuthi isiphi isikhathi eningakwazi ukuphumelela kahle ngaso nonke. Sebenzisani izinkonzo eziqondene zeBandla – ikakhulukazi ngaleliViki eliyiNgcwele noma lezo engizithumele ngezindlela zokuxhumana uma zikwazi ukufinyelela kinina.

→ Thandazani iRosary njengoMndeni neRosary lesiHawu (ilunga nelunga lomndeni lihole isigaba, futhi omunye nomunye asho izingcingane zakhe).

- Makube khona itafula elibekiwe, lembozwe ngendwangu emhlophe kungabekwa iSiphambano, iBhayibheli, ikhandlela, iRosary, amanzi ayingcwele, umfanekiso kaJesu, noma kaMaria, noma ngowoCwebileyo noma omuphi uma unawo. Lelo kuzoba iLathi leBandla elinguMndeni.
- Makuvame ukugujwa kwamaSakramente – hambani njengoMndeni ukoVuma niye eMiseniuma isimo sivuma!
- Qala umkhuba womndeni, nenze imikhuleko eqondene nezinkathi zebandla nisizwa yikhalenda leBandla, njengeNkathi yokuLindela ukuza kweNkosi, iNkathi kaKhisimusi, uMkhosi wokuHlaluka, iNkathi yokuHlawula, eyePhasika, imiKhosi yabaCwebileyo. Makusetshenziswe izinto eziyincwele, njengamakhandlela abusisiwe, amanzi ayingcwele, izimedali, imifanekiso yabacwebileyo, noma ekaJesu lapho nikhuleka
- Ukudumisa uNkulunkulu makwenziwe kujwayeleke, imikhuleko makube isisekelo somndeni. Makungayekwa ukukhuleka ngenxa yezinhlelo ezimnandi kuTV.
- Abantwana mabafundiswe ukuphatha nokukhonza, ngamazwi nangezenzo.
- Mthande oshade naye, abantwana, omakhelwane, nomhlaba. Khumbuza abantwana bakho ukuthi bayathandwa nguNkulunkulu futhi usipha izipho ukuthi sikhonze ngazo abanye.
- Khuluma uvuleleke ngokubakhona kukaNkulunkulu empilweni yakho ngezikhathi ezinzima nezentokozo.
- Zibandakanye emisebenzini yeBandla ePherishini.
- Vumela abantwana bakho bakufakazele emikhulekweni yangasese. Khuthaza abantwana bakho bathandaze njalo bebodwa, balalele ubizo lukaNkulunkulu futhi uma belizwa, basabele.

UMkhuleko wokuzinikela EMNDENINI OYINGCWE

Nkosi Jesu, iminyaka Yakho efihlekile noMama wakho oBusisiwe, noJosefa oCwebileyo eNazaretha isikhombisa ubuhle bempilo yomphakathi nothando olufanele emndenini. Wasifundisa igugu lokuthanda nokuzikhohlwa wena, intobeko nokulalela, nokunikela uthulile. Wasikhombisa ukuthi kucwetshiswa kanjani ukwamukela nokunikela ngempilo nsukuzonke. Namuhla, thina, amalunga womndeni wakwa _____, simemezela emphakathini ukuthi siyaKwazi njengeKhanda leqiniso lomndeni wethu neNkosi yekhaya lethu. Siyathembisa ukuba ngumndeni ofana noMndeni oyiNgcwele kaJesu, uMaria noJosefa eNazaretha. Siyazinikela kuwe, eNhliziyweni eyiNgcwele cwe kaJesu, ngenhiziyo engenaSici kaMama waKho, ngokuhlanganyela noJosefa oCwebilyo, umsebenzi wethu, imidlalo yethu, izinsizi zethu, nezintokozo zethu, kanjalo nesiyokho ngaphakathi okungabonakali nesinakho okubonakalayo, kubandakanya nezenzo ezinhle—zokwedlule, okwamanje, nokuzayo. Lesi isivumelwano esisenza Nawe Nkosi. **Sicela usibuyisele**, Nkosi Jesu, ngokusibusisa usivikele, sigcine sethembekile kulesisethembiso, sizize sicwebise izimpilo zethu ngokufeza ngokwethembeka izibopho zethu ngalesisikhathi samanje senzele udumo lwaKho. Jesu, Nkosi yeMindenini, woza ubuse imindenini yethu! Maria, Nkosikazi yeMindenini, ngena ezinhliziyweni zethu! Josefa oCwebileyo, Mvikeli weMindenini, sizize, sizindle ngothando loMndeni oyiNgcwele! Amen.

UkuVuselela kwaNsuku zonke

UKUZINIKELA KWETHU

Nginikela yonke impilo yami eNhliziyweni eyiNgcwele neyiHostia, ngeNhliziyo eluSizi nengenasici kaMaria, ngokuhlanganyela noJosefa oCwebileyo. Amen.

OWenu kukristo, ngiyaNikhulekela Nonke

+ Stanislaw Dziuba, OSPPE

+ Stanislaw Jan Dziuba, OSPPE

Umbhishobhi weBandla eliKatholika kwiSifundabhisobhi saseMzimkulu

